NATIONAL ENERGY REGULATOR OF SOUTH AFRICA

# KUFUNWA UVO OLUBHALWE PHANSI UKUCHITSHIYELWA KWEMIBANDELA YELAYISENSE NJENGOKULANDISA KUKA-SECTION 24(1)(d) OF THE GAS ACT, 2001

Abakwa-National Energy Regulator (NERSA) bayinhlangano ezimele esingatha ukusabalalisa igesi/ugesi neyasungulwa ngokomthetho ngokulandisa kwesigaba 3 seNational Energy Regulator Act, 2004 (Act No. 40 of 2004). U-NERSA unikwe igunya lokulawula ugesi, igesi elihamba ngamapayipi kanye nemboni yamapayipi ahambisa uphethiloli ngokwezimiso ze-Electricity Regulation Act, 2006 (Act No.4 of 2006), Gas Act, 2001 (Act No. 48 of 2001 and Petroleum Pipelines Act, 2003 (Act No.60 of 2003).

Ngokulingana no-section 24(1)(d) weGas Act, 2001, u-NERSA uphakamisa ukuchibiyela ezinye zezimiso noma imibandela yelayisense kulamalayisense alandelayo nanikezwa uSasol Gas Limited ("Sasol Gas") ngaphambi kuka-26 March 2014, ngalezi zizathu ezibekwe lapha ngezansi:

| Iminxa yamalayisense nezinombolo | Izichibiyelo eziphakanyiswayo nezizathu |
|---|---|
| Operation of gas transmission Facilities<br>Gala.t.F3/1412/2008 to Gala.t.F3/1420/2008<br><br>Trading in gas over transmission facilities in Gauteng, Free State and Mpumalanga<br>Gala.tr.F1/1421/2008<br><br>Operation of gas distribution facilities<br>Gala.d.F3/1001/2006 to Gala.d.F3/1001/36/2006<br><br>Trading in gas over distribution Facilities<br>Gala.tr.F1/1002/1/2006 to Gala.tr.F3/1002/36/2006 | Ukuchibiyelwa kwawo wonke amalayisense ngokusswa kwamarefarensi ezivumelwaneni eseziphelelwe yisikhathi kanye neSpecial Regulatory Dispensation Period mhlaka 25 March 2014;<br>Ukuchibiyelwa kwawo wonke amalayisense ngokwengeza emibandeleni yamalayisense asebenza ngokuvuselelwa kwezicelo, ukuhlongozwa kwesikhathi okungenani esingaba yizinyanga eziyisithupha singakapheli isikhathi selayisense endala ukuze kufakwe isicelo selayisense entsha, ukuze kugwenywe ukuthola lezi zicelo sekusondele ukuphela kwelayisense endala kube kanti asikho nesikhathi esanele sokucubungula izicelo.<br>Ukuchibiyelwa kwemibandela yelayisense ebhekene nabanye abathintekayo elayisenseni yesikhungo sokuthumela igesi ngepayipi ikubeke kucace imibandela kusukela ngoMarch 2014; kanye nokwengeza umbandela elayisenseni obhekene nemali, okungukuthi lowo ogunyazwe ngelayisense angeke abiza imali eyeqile noma okungeyona, ngoba lokhu kungaholelwa ekutheni amakhasimende aththe izinyathelo zomthetho njengokulandisa kuka-section 31(1) weGas Act, 2001;<br>Ukuchibiyelwa kwawo wonke amalayisense ezikhungo ezisabalalisa igesi ngokuba kususwe umbandela wokuqala (olinkonyane) yombandela welayisense esebenzangombadela wakwaSasol omphoqa ukuba asabalalise igesi njengokulandisa kuka-clause 6 of Schedule One to the Agreement kwengezwe ngesijobelelo sombandela esithi onikwe ilayisense angeke angena esimweni sokwenqaba sokduayisa igesi ngoba lokhu kungaholela ekutheni amakhasimende athathe izinyathelo zomthetho njegnokulandisa kuka-section 31(1) weGas Act, 2001; kanye<br>Ukuchibiyela wonke amalayisense okuhweba ngokuba kwakhiwe umbandela welayisense obhekene nemali okumele ikhokhwe kanjena, ukuze kwenziwe lombandela welayisense uhambisane kahle nezimali okumele zikhokhwe njengokulandisa kweGas Act:<br>• Ngokwesikhathi lesi esinikwe ilayisense lokuhweba, umninilo angeke ahweba ngegesi nanoma yimuphi olisabalalisayo, nanoma ngabe yiliphi ikhasimende ngaphandle kokuba afake isicelo, anikezwe negunya lezimali okumele zikhokhwe, enikwa abakwaNERSA.<br>• Umnikazi welayisense kuyomele ngazo zonke izikhathi uma ecelwa nguNERSA, anikeze ngolwazi oluphelele ukuze abakwaNERSA bakwazi ukuklama imali okuyiyo okumele ifunwe ngumnikazi welayisense.<br>• Uma igesi isidayisiwe, umnikazi welayisense kuyomele akubeke kucace kwi-invoice lezo zinto ezidayisiwe nezenza abize imali ayibizile, okungenani kuvele inani legesi, ukudilivea kwalo kanye nanezinye izimali.<br>• I-invoice ekhishwe ngumnikazi welayisense eyinikeza amakhasimende kuyomele ikhombise lokhu:<br>(a) Izindleko zokukhiqiza igesi; kanye<br>(b) Imininingwane yazo zonek izimali azibizayo kuhlangene ne-metering nezinye izimali ezibalayo.<br>• Lapho kunesidingo khona, izindleko zokuthuthwa nokugcinwa kwegesi, uma sibala kuhlangene nezinye izinto, kuyomele zigunyazwe ngu-NERSA ukuqinisekisa ukuthi kwenziwa ngendlela engenakubalula.<br>• Umnikazi welayisense akavunyelwe ukubiza amanani angaphezu kwalawo agunyazwe ngu-NERSA kanjalo akuvunyelwe ukubiza amakhasimdne imali ephezulu. |

Noma yimaphi amanye amalayisense angashiwongo lapha ngenhla kepha athintekayo ngokwezichibiyelo eziphakanyiswayo nanikezwa noma ngubani osembonini yegesi ehamba ngamapayipi mhlaka noma ngaphambi kukamhlaka 26 March 2014 nawo awela ngaphansi kwalemigudu yokuchibiyela kulonyaka wezimali ozayo nozoqala mhalka 01 April 2017.

Ngokuka-rule 15 of the Rules nanjengokulandisa kweGas Act, 2001 neyashicilelwa kwiGovernment Notice No.R.1251 yangomhlaka 31 December 2009 (Government Gazette No. 32849) ufundwa ndawonye no-section 3 wePromotion of Administrative Justice Act No.3 of 2000 ("PAJA"), NERSA, kucelwa izimvo ezibhalwe phansi, kube amaqiniso nobufakazi kunoma ngubani okungenzeka athinteke ngandlela thize ngalesi sinqumo sokuphakamisa izichibiyelo emibandeleni kumalayisense abhalwe ngenhla.

Imibono ebhalwe phansi kuyomele ihambisane nencwadi efungelwe nesayindwe yilowo oyilethayo noma elethwa yilowo onikwe igunya lokuyiletha nozoqinisekisa ubuqotho nobuqiniso balokho akulethayo kanti kuyomele zibhekiswe ku: The Executive Manager: Piped Gas, Kulawula House, 526 Vermeulen Street, ARCADIA, 0083; ucingo:012 401 4028, fax: 012 401 4700 noma nge-email: pipedgas@nersa.org.za. Umnqamula juqu wokuletha uvo olubhalwe phansi **nguMsombuluko, 01 March 2017** ngo-16h30.

Kuqasheliswa noma ngubani okungenzeka athinteke ngalesi sinqumo se-Energy Regulator ukuba abheke izimiso okungo-section 5, 6 no-7 wePAJA maqondana namalungelo nomgudu, nalapho ezobe efuna izizathu eziphelele nezibhalwe phansi ngalesi sinqumo neozkuthatha izinyathelo zomthetho ukuze kubuyekwe lesi sinqumo.

Eminye imibuzo ingabhekiswa kuMnuz. Thulebona Nxumalo noma uNksz Lindiwe Mvuyana **ocingweni oluthi**: 012 401 4028 noma 4009, **email**: pipedgas@nersa.org.za

Proof

Om/17/10552004